ETHEKWINI MUNICIPALITY
DURBAN BUSINESS FAIR

# Umbukiso wamabhizinisi kule mpelasonto KwaMnyandu

UYAQALA umbukiso obizwa ngeDurban Business Fair ka-2017 kule mpelasonto kwazise kuzoqala ngeyezifunda ezoba KwaMnyandu. Uzoqala ngoLwesihlanu okunguJuni 23 uphele ngeSonto, ngoJuni 25 enxanxatheleni yezitolo KwaMnyandu, eMlazi.

Umbukiso iDurban Business Fair usukhule ngale ndlela yokuthi usubalwa nemicimbi ebalulekile kuMasipala weTheku nanokuthi leli dolobha likhombisa ukuzibophezela kwalo ekweseken amabhizinisi amancane abizwa ngamaSMME kwazise ayagqugquzelwa ukuthi akhulise umnotho.

Lo mbukiso wesifunda, ondlalela omkhulukazi ozoba ngo October, unikeza osomabhizinisi abancane ithuba lokuthi bakhangise ngemikhiqizo yabo baphinde baxhumane nabanye osomabhizinisi asebemkantshubombu.

Le mibukiso iphinde isize osomabhizinisi ngolwazi, ibathuthukise ngamathuba akhona nokubacobelela ngolwazi kusetshenziswa iBusiness Indaba namaBusiness Master Class.

Kulo mbukiso ozodonsa izinsuku ezintathu KwaManyandu kuzobe kwenziwa lokhu okulandelayo:

Imibukiso yosomabhizinisi abancane – izinsuku ezintathu:

• IBusiness Indaba – ngoLwesihlanu, Juni 23 nangoMgqibelo, Juni 24

• AmaBusiness Master Classes – ango Lwesihlanu Juni 23 kuya kwi Sonto , Juni 25

• Ingqungqthela yentsha esemabhizinisini, iYouth Entrepreneurship seminar (Start Up and Go) – ezoba ngo Lwesihlanu , Juni 23 kuya kuMgqibelo Juni 24

• Kulo mcimbi kuzoba nendawo yokudlala izingane, indawo yokukhangisa ngokudla kanye nendawo yokukhombisa ngengqephu.

**IBusiness Indaba**

IBusiness Indaba ezokwethulwa yiMeya yeTheku, uNkk Zandile Gumede, ithembisa ukuba “ngenamandla” njengoba izokhuluma ngoshintsho olunqala kwezomnotho, kugxilwe ekunikweni ithuba kwentsha ekuthuthukisweni kwengqalasizinda.

Izikhulumi eziqavile ezizobe zikhona kubalwa uNgqongqoshe weMisebenzi yoMphakathi uMnuz Nathi Nhleko, uNgqongqoshe wezokuXhumana, uNksz Ayanda Dlodlo, uNgqongqoshe wezeziMali, uMnuz Malusi Gigaba, uMnuz Mzwanele Manyi wenhlangano iDecolonisation Foundation noMnuz Calvin Mathibeli weCalvin & Family Group.

Abanye abazoba yizikhulumi eziqavile abavela kwezamabhizinisi wuMnuz Thabizolo Msimang weStretch Tents and Premier Marquees, umnikazi weCarwash Supreme, uMnuz Marcus Msomi nosomabhizinisi waseMlazi, uMnuz Nkululeko Xulu.

IBusiness Indaba -engebalulekile kosomabhizinisi abafuna ukukhangisa ngemikhiqizo yabo, ivuleleke kubona bonke osomabhizinisi abasafufusa. Kuhloswe ngayo ukubahlomisa ngolwazi nangamasu okukhulisa amabhizinisi abo, kuthuthuke nomnotho.

IMeya yeTheku, ukhansela uZandile Gumede, ithe kungenxa yezinhlelo ezifana neDurban Business Fair ezifundisa amabhizinisi amancane ngezinselelo angahlangabezana nazo, afundiswe nokuzigwema nanokungena ezimakethe, adlondlobale abheke nemikhakha ezowasiza ekutheni umkhiqizo wawo waziwe nasemazweni.

Uma unentshisekelo ekuqaleni ibhizinisi lakho, noma usuliqalile kodwa ufuna ukuthola ulwazi oluthe thuthu, hambela iRegional Business Fair neBusiness Indaba ezoba KwaMnyandu. Kungenwa bhusende.

PRINTED FROM PRESSREADER
NOT FOR SALE
PERSONAL COPY